BEKA UVO LWAKHO

UMthethosivivinywa Wesayensi Yokuklanywa Kwemingcele Yolwandle, Hydrographic Bill [B 17B-2018] (isigaba sa-75 seSishayamthetho Sikazwelonke)

Isimemo sokuthunyelwa kwezethulo zomphakathi

IKomidi loMkhandlu Kazwelonke Wezifundazwe elibhekele EzokuPhepha kanye NezoBulungiswa limema abantu ababambe iqhaza kanye nalabo abanentshisekelo ukuthumela izethulo ezibhalwe phansi mayelana noMthethosivivinywa Wesayensi Yokuklanywa Kwemingcele Yolwandle, Hydrographic Bill [B 17B-2018**]** (isigaba sa-75 seSishayamthetho Sikazwelonke)**.**

Lo **Mthethosivivinywa Wesayensi Yokuklanywa Kwemingcele Yolwandle,** phakathi kokunye ufuna:

- **ukuhlinzekela ukusungulwa kweHhovisi Lesayensi Yokuklanywa Kwemingcele Yolwandle;**
- **ukuhlinzekela izinjongo zalo, imisebenzi kanye nendlela okufanele liphathwe ngayo;**
- **ukuhlinzekela ukuqashwa kanye namandla kaSosayensi Oklama Imingcele Yolwandle nabantu abasebenza kuleli Hhovisi;**
- **ukulawula ukwethulwa kolwazi lwesayensi yokuklanywa kwemingcele yolwandle;**
- **ukulawula indlela izikhonkwane zocwaningo lwalokhu kuklanywa kanye namalungelo angokomthetho angavikelwa ngayo;**
- **ukuhlinzekela umkhawulo wokubekwa komphakathi icala;**
- **ukuhlinzekela indlela okufanele kubhekwane ngayo neholo leHhovisi Lesayensi Yokuklanywa Kwemingcele Yolwandle;**
- **ukuhlinzekela ukwenziwa kwezivumelwano zokusebenzisana kanye nokuhlinzekela izinto ezixhumene nalokho.**

Izethulo ezibhalwe phansi kufanele zithunyelelwe **engakafiki umhlalu-1 kuNdasa (kuMashi) kowezi-2019.**

Izicelo zamakhophi alo Mthethosivivinywa, izethulo ezibhalwe phansi kanye nemibuzo kufanele kuqondiswe kuMnu G Dixon, Select Committee on Security and Justice, 3rd Floor, Office 133, 90 Plein Street, Cape Town, 8001 noma zithunyelwe nge-imeyili ku-gdixon@parliament.gov.za noma zithunyelwe ngefeksi kule nombolo: 086 658 9371.

Sikhishwe uMhlonishwa u-SG Mthimunye, iLungu lePhalamende, uSihlalo weKomidi: loMkhandlu Kazwelonke Wezifundazwe elibhekele EzokuPhepha kanye NezoBulungiswa.